

UMkhankaso Wezinhlangothi Zomphakathi Maqondana Negciwane iKhorona unqanda amahlebezi nemibono evela emiphakathini ukuze kuvalwe igebe lokutholakala kolwazi phakathi kukahulumeni, abezindaba, amaNGO, abezamabhizinisi kanye nomphakathi. Ngokuhlinzeka umphakathi ngamaqiniso angephikiswe, lezi zindaba zeGciwane iKhorona zihlose ukwenza ngcono ukuqonda izidingo ezimayelana neGciwane iKhorona nokuveza amahlebezi ngaphambi kokuba adale umonakalo omkhulu.

Izindawo zokukhosela ezweni lonkana sezemukele abesifazane abaningi nezingane ezibalekela udlame lwangokobulili ngesikhathi semvalelwakhaya. Izingqinamba ezinkulukazi ezibhekene nalezi zindawo zokuphepha wuxhasomali, izinsizakwenza kanye nokutheleleka okungenzeka. Sikhulume nabeNational Shelter Movement (i-NSM), uDkt. Zubeda Dangor uthe inani labantu ebayalelwe kuye lande “kakhulu” njengoba ukwelulwa kwemvalelwakhaya kwamanyezelwa nguMengameli uMnu. Cyril Ramaphosa. “Abantu abaningi abakalutholi uxhasomali lombuso oluqondile ngalesi sikhathi ngoba abaningi abanazo izevatho zokuzivikela (amaPPE).

Izindawo zokukhosela ezingamaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu (95) azinayo imishini yokuhlola izinga lokushisa egazini lomuntu ngaphambi kokuba angene ngaphakathi futhi yingakho sicela uxhasomali emabhizinisini nakuhulumeni.”UDangor uthe ukuxoshwa kwabesifazane ngisho nangaphambi kokufika kweCOVID-19 yisu elisetshenziswa ngabahlukumezi kanti ngokufika nje kweCOVID-19, lokhu sekuvele kwadlebeleka. Uthe abesifazane abaningi nezingane bathuthelana kulezi zindawo zokukhosela usuku nosuku futhi abalutholi usizo kanye nezithuthi zezimo eziphuthumayo zamaphoyisa.

“Kule nkinga yezomnotho efana nalena esikuyo njengamanje, ngeshwa amaNGO nezindawo zokukhosela ziyoba ngezokugcina ukuthola imali. Isikhathi esiningi size sizifunele usizo ezinkampanini, kodwa nazo sezivalile manje, ngakho-ke sizoba ngabokugcina ohlwini uma imali isiqalile ukungena futhi”, kusho yena. Noma ngabe ngubani odinga usizo oluphathelele neGBV (uDlame Lwangokobulili) angashayela iSikhungo Esijutshelwe Udlame Lwangokobulili Kuzwelonke kule nombolo ethi: 0800 428 428, noma ashaye u: *120*7867# ngenombolo yakhe kamakhalekhukhwini

IMIBUZO NEZIMPENDULO

Ikhaya akuyona indawo ephephile kimi. Ngingenzenjani?



Xhumana neSikhungo Esijutshelwe Udlame Lwankobulili Kuzwelonke kule nombolo ethi: 0800 428 428, noma ushaye u: *120*7867# kumakhalekhukhwini wakho. Okunye, xhumana nendawo yokukhosela eyodwa esifundazweni sakho – bheka uhlu lwethu ekhasini elilandelayo. Ungaphinde uzenzele wena nezingane ezikhona ekhaya uhlelo lokuphepha. Hlonza umakhelwane, umngani, isihlobo noma uzakwenu ongaya kuye uma kunesimo esiphuthumayo. Yiba nohlelo oluphephile lwemoto ozohamba ngayo khona lapho ukhona bese ugcina izinto ezimbalwa ezisemqoka zikuwena (i-ID yakho, imali, imishanguzo nezimpahla) kanye nohlu lwezimbobo zezingcingo ezisebenzayo. Cabanga ngokwakha ikhodi eliyimfihlo nomakhelwane omethembayo ongakulekelela uma kuphuthuma.

Ngiphephile kodwa ngidonsa kanzima ngezimo zempilo zesikhathi eside nkinga nezendlalo ngenxa yodlame. Ngingenzenjani?



- Hlala uxhumene noma ufune usizo emndenini nakubangani ngokusebenzisa ucingo, umbikonyazi (i-imeyili), noma ngokubhala umyalezo.
- Zama ukwenza imisebenzi ejwayelekile bese uzinika isikhathi sokuzivica voca okudinga usebenzise amandla bese uyalala.
- Zivocavoce sakuphumula ukuze udambise imicabango enokhwantalala kanye nemizwa. Bheka izibonelo ekhasini 70 lemiyalelo yeWHO (iNhlango Yezempilo Ezingeni Lomhlaba).
- Thungatha ulwazi mayelana neCOVID-19 emithonjeni ethembekile bese unciphisa isikhathi osisebenzisa ezindabeni (isibonelo, isikhathi esingaba yihora eli-1-2 ngosuku, kunehora ngehora).

IZINDAWO ZOKUKHOSELA ZABESIFAZANE ENINGIZIMU AFRIKA

1 GAUTENG

Alexandra - Bombani Shelter; 011 027 1513/072 244 1630.
North Rand - 013 935 8032; 013 935 8032; 083 684 7737
Ekurhuleni - Mercy Haven, 074 417 7603
Pretoria - Re-Bafenyi Victim Empowerment 083 949 8144
West Rand - Are Areng Nthabeleng Safe Haven, 084 849 3344

2 KWAZULU-NATAL

Pinetown - Open Door Crisis Center, Thora Mansfield 031-7092679
Durban - Kenilworth Respite Centre, 072 446 3337 or 0312076483
Pietermaritzburg - The Haven, 033- 394 0228
Ladysmith - Victory Haven, 076 5299 109 or 036- 633 3426

3 LIMPOPO

Polokwane - Ekuphumleni Restoration Home ThyREST, 015 223 0091,
073 174 9185
Polokwane, Khuseleka One Stop Centre, 015 293 1182/3/4/5, 084
466 8212

4 NORTH WEST

Mooi Mooi - Grace Help Shelter, 072 348 6526 / 014 574 3476

5 WESTERN CAPE

Woodstock - St Annes Homes, 071 906 3949 or 0214486792
Athlone - Saartjie Baartman Centre, 082 903 8739 or 021633587

6 EASTERN CAPE

Southernwood, East London, Masimanyane Shelter, Chrislynn
Moonieyan 081 247 6056
Buffalo City, King Williams Town - Khanyisa Community Based,
Noxolo Bashe 082 374 0042

7 NORTHERN CAPE

De Aar - Ethembeni Community and Trauma Centre, Clair Adriaanse
073 8888738
Upington - Bopanang One Stop Centre, Valarie Syster 0798841834

8 FREE STATE

Welkom - Goldfields Family Advice Organisation, 057 395 6153
Parys - Tumahole Victim Support Centre, 073 645 9283
QwaQwa - Thusanang Advice Centre Shelter, 079 165 6245
Bethlehem - Child and Family Welfare, 071 111 5816

9 MPUMALANGA

Witbank - Fovoc Empowerment Centre 073 138 4788
Badplaas - Badplaas Shelter 079 929 5922